

## **Ukudlula emhlabeni kukaMnumzane Trevor van Heerden, uKhomishana wokuqala wakwaSARS**

6 kuMasingane 2022 – Uphiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) lubuhlungu ngokudlula emhlabeni izolo ebusuku kwalowo owayenguKhomishana wokuqala, uMnu Trevor van Heerden. Wayeyisisebenzi esinekhono futhi esizinikele owanikela ngaphezu kweminyaka engamashumi amane empilo yakhe esebezelwa uSARS kanye ne-Inland Revenue, eyalandelwa uSARS.

UMnu. van Heerden wadlala indima enku lu ekusungulweni kukaSARS ukuze ubeyilokhu oyikho namuhla. Okunye, wayebambe iqhaza ekusungulweni kwemihlomulo eyengeziwe yokuthelisa kanjalo noMthetho Wentelantengo, 1991.

UKhomishana Edward Kieswetter, egameni likaSARS, udlulise amazwi enduduzo emndenini ka van Heerden. Ufisela umndeni ukuba uqine ngalesi sikhathi esinzima.

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana ne [SarsMedia@sars.gov.za](mailto:SarsMedia@sars.gov.za)